

'HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IBANGA LESISHUMI (GRADE 10)

UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2020

ISIKHATHI: 2 amahora

IMIKLOMELI: 80



OKUHLE KODWA !!!!!

**Leli phepha
linamakhasi
ayi-13**

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

1. ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa
 (30)
 ISIQEPHU B: Ukufingqa
 (10)
 ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi
 (40)
2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dwebela umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe
 ngayo kuleli phepha lemibuzo.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:
 ISIQEPHU A: imizuzu engama-50
 ISIQEPHU B: imizuzu engama-30
 ISIQEPHU C: imizuzu engama-40
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA UMBULO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (Okufundwayo)

MHLA NGIMBONA OKOKUQALA

- 1 Selokhu uSanele Ngcobo azalwa akakaze ambone ubaba wakhe owakhetha ukuyosebenza Engilande. Lokhu kwakumphatha kabuhlungu umfoka Mapholoba. Esikoleni ayefunda kuso **wayephenduka ihlaya**. Ikhanda lakhe kwakungathi kalithathi kahle. Usuku lomhla ziyi-16 Disemba 2019 lwayishintsha yonke imicabango yakhe.
- 2 Manje uSanele uhleli ekamelweni lakhe ucabanga ngakho konke ubunzima asedlule kubo. Esikoleni uma kunemidlalo noma imihlangano yabazali kwakufika umama wakhe kuphela. Uyakhumbula ngelanga kuqhudelana obaba emdlalweni wekhilikithi ukuthi waze wasizwa umkhulu wakhe uBhekithemba Ngcobo. Umkhulu akenzanga kahle ngesikhathi kudlalwa kodwa kuyena wakwenza kahle konke. Okwakobani nje ukungabi nomuntu wesilisa eduze.
- 3 Esikoleni sakhe iNqabayesizwe Primary, uSanele wagcina eseluhlupho yize wayeqale eyingane ephumelela kahle esikoleni. Intukuthelo yayigcwele ngaphakathi kuye yayimenza angamhloniphi umuntu omdala ikakhulu owesifazane. Wayekubona kuliphutha likamama wakhe uSindi Ngcobo owavumela ukuba ubaba wakhe aye kwelinye izwe. Phela base beshade iminyaka emihlanu abazali bakhe. Ngokusho kukamama wakhe, isizathu sokuhamba kukababa wakhe kwakungukuyofunela bona amadlelo aluhlaza. Wayethembise ukuthi uzobalanda uma esethole umsebenzi kanye nendawo eNgilande. Lokhu akwenzekanga ngoba nakhu akazilandanga.
- 4 Umbuzo omkhulu anawo uSanele ukuthi kufanele aziphathe kanjani uma esembona ubaba wakhe? Ajabule noma akhale. USanele wayesezitshela ukuthi kuyokwenzeka okufanele kwenzeka. Imibuzo eminingi ayenayo yayizophenduleka. Izipho ayemethembise zona ocingweni wayesezibona ngamehlo engqondo uSanele.

5

Lagcina lifikile ilanga lokumhlangabeza esikhumulweni sezindiza eKing Shaka International. Babevuke ekuseni balungiselela ukuya komlanda. Njengoba uSanele wabe esegezile esegqokile nje. Yonke le micabango yambuyela. Useze uphazanyiswa umama wakhe osethi mabahambe. Bafika eKing Shaka. Baqala ngokuya kodla esitolo esidayisa ukudla. Yena nomama wakhe bathenga mam-burger, amashibsi neCoke.

- 6 Lagcina lifikile ibhanoyi nobaba wagcina ngokwehla. Ngajabula kakhulu ngesikhathi sengimbona ubaba wami okokuqala ngqa ubuso nobuso. Ngangihlale ngimbona ezithombeni noma uma sikhuluma koZoom kanye nakuWhatsApp call. Ubaba mude ngendlela emangalisayo futhi uyisidlakela esesabekayo. Okwangijabulisa kakhulu ngesikhathi ngimbona izimpahla zokuqgoka ayengiphathele zona ezinamagama amakhulu. O-Nike, Adidas, Aca Joe base bezobuzwa kimi kusukela phansi kuya phezulu.
- 7 Ngangizobuyela esikoleni sengimuhle ngempela. Uma nje sekuthiwa usuku lwamaCivvies ngangizobadlula ngezingubo ezinhle. Okunye okwangijabulisa kakhulu ukuthi ubaba wayengeke esabuyela eNgilande. Wayesezohlala nathi siphinde sibe umndeni.

[umbhalo wokuziqambela]

- 1.1.1 Ubani igama nesibongo salo okhuluma lapha? (2)
- 1.1.2 Bhala isithakazelo sikwaNgcobo. (1)
- 1.1.3 Yisiphi isizathu esenza ukuba ubaba kaSanele abashiye aye eNgilande? (2)
- 1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
Esikoleni ayefunda kuso **wayephenduka ihlaya.**
- A waba inhlekisa.
- B waba usaziwayo.
- C waba usomahlaya.

- D waba ingane. (1)
- 1.1.5 Yiluphi usuku olwashintsha impilo kaSanele? (2)
- 1.1.6 Kungani uSanele wayengabahloniphi abantu abadala esikoleni? (2)
- 1.1.7 Tomula umusho ophelile osendabeni ositshela ukuthi izipho ayezoziphiwa wayesezazi esigabeni 4. (2)
- 1.1.8 Iziphi izindlela EZIMBILI zokuxhumana ezazisetshenziswa uSanele kanye nobaba wakhe? (2)
- 1.1.9 Abazali bakaSanele base beshade iminyaka emingaki? (2)
- 1.1.1 Yiziphi izinto EZIMBILI ezazithenjiswa ubaba kaSanele ayezozenza uma efika engilande? (2)
- 0
- 1.1.1 Ngokucabanga kwakho, uSanele kwakufanele amjabulele ubaba wakhe?. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 1
- 1.1.1 Yisiphi isifundo ositholile ngokufunda le ndaba? (2)
- 2
- 1.1.1 Bhala izinhlobo EZIMBILI zezingubo zokugqoka uSanele aziphathelwa ubaba wakhe eNgilande (2)
- 3

1.2 Bukisisa **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

ISITHOMBE SOKU-1



ISITHOMBE SESI-2



ISITHOMBE SESI-3



ISITHOMBE SESI-4



[Zicashunwe kugoogle pics.]

- 1.2.1 Bhala okwenzeka esithombeni soku-1. (1)
- 1.2.2 Bakuphi laba bantu abasesithombeni sesi-3? (1)
- 1.2.3 Qhathanisa okungafani okwenzeka esithombeni sesi-3 kanye nesithombe sesi-4. (2)
- 1.2.4 Ngokucabanga kwakho lokhu okuvezwa izithombe ezingenhla kwenzeka ngamuphi unyaka? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU

A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa **UMBHALO C** ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezindlela zokuzivikela ku-covid-19..

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

Ungazivikela ku-covid-19

Unyaka wezi-2020 ususifundise okuningi ngempilo. Kunezinto ebesizenza ngokungaqapheli kodwa manje lezo zinto ziphephisa izimpilo zethu. Isifo seCovid-19 sivikeleka kalula kunezinye izifo. Yize nje singakabi nalo ikhambi lokweselapha.

Ukugeza izandla usebenzisa amanzi nensipho noma isibulali magciwane esinotshwala kuyalibulala leli gciwane. Bantu kafane bakwenze umkhuba wabo ukugeza izandla ngaphambi kokudla noma uma kade bethinte izindawo ezinokungcola.

Abantu kufanele bagcine ibanga elingu 1.5 m nabanye abantu. Leli gciwane kukholakala ukuthi linesisindo esikhulu. Uma kwenzeka lisuka komunye umuntu liya komunye angeke lihamba ibanga elikhuhulu

Ukugqoka i-mask ngaso sonke isikhathi ikakhulukazi uma ibanga lakho nomuntu okhuluma naye lingelide. Amathe akhe angeke akwazi ukuqhasha eze kuwe. Agcina phakathi kuleyo maski. Uma usuyifakile imaski akufanele ulokhu uzithinti umlomo noma ikhala ikakhulukazi uma ubukade uthinta izindawo ezingahlanziwe.

Kwesinye isikhathi umuntu ufikelwa ukuthimula. Kufanele othimulayo agoqe ingalo yakhe uma uthimula noma ukhwehlela. Lokhu kuvikela yena nalabo abaseduze naye. Phela uma uthimula amathe aphuma ngesivinini esiphezulu. Uma kwenzeka ungazizwa kahle unomkhuhlane, hlala ekhaya ukuze ungatheleli abanye abantu.

Uma ungazizwa kahle unomkhulane ongajwayelekile vakashela udokotela. Odokotela yibona abangakuhlola bese bebona ukuthi lo mkhuhlane unawo noma kawunawo.

Ngokubambisana lo mkhuhlane singawunqoba ikakhulukazi uma sibambisa futhi sihlonipha nemigomo esibekelwe yona.

[umbhalo osuselwa ocwaningweni]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3


Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)

Msimbithi Game Reserve

Sivakashele egame reserve yethu ubone izilwane ezinhlobonhlobo

- Obhejane
- indlulamithi
- Amabhubesi
- Izindlovu
- Amadube
- izingwenya
- Izinyoni ezinhlobonhlobo
- Nezinye eziningi



Imali yokuvakasha emini kuphela R60 omncane
R80 omdala

Phefumula umoya wemvelo.

Emsimbithi sinazo nezindawo zokulala ezisezingeni eliphezulu.

Izindlu ziqala R700 abantu ababili usuku.
R 1200 umndeni wabahlanu ubusuku



Bhukha manje!!!

Sitholakala : 65 Shlakothi Road
KwaSondela
2100
KZN



: 062 606 101 6500



Msimbithigm

Imigomo nemibandela
Lesi sipesheli sitholaka uma ubhuka izinsuku ezinhlanu nagaphezulu.
Izilwane zasendlini kazivumelekile


[umbhalo wokuziqambela, izithombe googlepic]

- 3.1 Bhala izilwane EZIMBILI ezivezwe kulesi sithombe (2)
- 3.2 Izinhlamvu zegama KZN zimeleni (akronomi)? (2)
- Guqula igama elikubakaki liveze umqondo okhombisa ukwenzela (impambosi yokwenzela kulo musho olandelayo: (1)
- 3.3 Incane imali (yokuvakasha) eMsimbithi.
- 3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe esho uhlobo lwesichasiso segama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo: Umndeni **wabahlanu** ubiza R1200.
- A Isiphawulo.
B Ongumnini.
C Isibaluli.
D inani (1)
- 3.5 Guqula leli bizo elilandelayo likhombisa ubulili besifazane bese uzakhela umusho wakho ngalo. (2)
- indlovu**
- 3.6 Iyiphi indlela ongaxhumana ngayo nabakwaMsimbithi? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- [10]**

UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)



- 4.1 Zingaki izingane ezicela imali kulesi sithombe? (2)
- 4.2 Umlugisi ucelani kulo baba osemotweni? (2)
Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:
Ukuphanta ulimi lwasemgwaqweni olusho ukuthi
- A. Ukubamba inkunzi
 - B. Ukuzizamela
 - C. Ukuma emgwaqweni (1)
 - D. Ukudabukisa
- 4.3 Tomula umusho enkulumweni kaMpho ofakazela ukuthi laba bangabafundi besikole (2)
- 4.4 Guqula undaweni olandelayo abe ibizo kulo musho olandelayo. NginguMlungisi sengiqedile **esikoleni**. (1)
- 4.5 Yiliphi igama eliyibizoqho kulo musho olandelayo? Awubheke uTboz ebhayiza. (2)

[10]

UMBUZO 5

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela:

UMBHALO F (Ofundwayo)

Abantu kabasenamahloni nokuthatha izithombe zabantu emini kabha uma besenkingeni. Lokhu ukubona **inyanga** nenyanga lapho bezama ukuneka amahlazo abanye. Okubuhlungu ngukuthi bayakhohlwa ukuthi impilo injengesondo iyajikajika. Mhlawumbe kusasa kuyobe kuyizihlobo zabo noma yibo uqoba abanekelwa umhlaba. Le nto iqala kancane ubone umuntu eveza abantu abalwayo. Yena ulibele ukushutha engabe uyalamula. Uma kwenzeka ingozi kungaba ngeyemoto noma ibhanoyi ubabona sebeshutha. Ngokwazi kwami umuntu oshonile uyahlonishwa. Okubuhlungu ukuthi kwesinye isikhathi izihlobo zigcina sezibona nezinto obekungafanele zizibone. Sikhule izingane zingayi emigcwabeni kodwa namuhla seziyavunyelwa zibone umuntu oshonile. Kuke kwenzeka ingozi emgwaqweni engihamba kuwo. Abantu abafika kuqala bathatha izithombe bebukela umuntu ecela usizo lokudonswa.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 5.1.1 Bhala lo musho olandelayo ube inkathi esandakudlula.
Le nto iqala kancane (2)
- 5.1.2 Guqula ibizo elibhalwe ngokugqamile libe isabizwana soqobo kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.
. Ngokwazi kwami **umuntu** oshonile uyahlonishwa (2)
- 5.1.3 Hlobo luni lwebizo elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo umuntu ecela **usizo** lokudonswa (2)
- 5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe usho ukuthi hlobo luni lwesandiso igama elibhalwe ngokunzima kulo musho olandelayo:
Sikhule izingane zingayi **emigcwabeni**
A Isandiso sesimo
B Isandiso sokukhomba
C Isandiso sendawo
D Isandiso senkathi (2)
- 5.1.5 Tomula ibizo lesigaba 8 emgqeni wokuqala esiqeshini esingenhla bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona. (2)
- 5.1.6 Hlobo luni lwesandiso leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
Abantu bathatha izithombe **emini** kwabha. (1)

5.1.7 Sebenzisa ibizo 'inyanga' emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ohlukile kulona osesiqeshini. (2)

5.1.8 Gcwalisa le misho elandelayo ngezivumelwano ezifanele:
(a) Amasondo _yajikajika. (1)

(b) Izithombe _yadabukisa.. (1)

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)



[umbhalo wokuziqambela, isithombe kugooglepic]

5.2.1 Yini ekhombisa ukuthi uShongololo akafuni ukukhuluma noBusi? (2)

5.2.2 Gcwalisa isikhala ngegama elifanele kulawa owanikiwe
[ingane, ihlo, amalanga]
----- lixhoshwa libhekile. (1)

5.2.3 Yini athi ngeke aphinde ayisebenzise uBusi? (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: [20]
AMAMAKI ESEWONKE: 40
80

